

# Ukufunda ngamaqembu okuholwayo

## Ngaphambi kokufunda

- Phenya amakhasi endaba abazoyifunda.
- Tshela abafundi ukuba baqagele ukuthi indaba izoqhubeka kanjani uma kususelwa esihlokweni nasemifanekisweni.
- Yethula amagama amasha noma alukhuni ngaphambi kokuba abafundi baqale ukufunda incwadi.
- Yenza amakhadi amagama ukwethula amagama amasha. (Thola uhlu lwamagama amasha ngaphakathi.)

## Ukufunda kokuqala

- Abafundi kumele bafunde umbhalo ngamunye.
- Abafundi kumele bafunde buthule noma "bawufunde ngokuhleba" umbhalo.
- Suka kumfundi uye kolandelayo, ucele umfundi ngamunye ukuba afunde isigaba sombhalo kuzwakale.

## Ingxoxo

- Funda imibuzo yokuqondisisa esuselwa embhalweni.
- Gxila emisindweni, emagameni ajwayelekile kanye nasemagameni amasha.
- Uyothola imisebenzi esekugcineni kwale ncwadi ilusizo ekuholeni ingxoxo. (Khetha imisebenzi efanele izinga labafundi.)

## Ukufunda kwesibili

- Ezinsukwini ezilandelayo,nikeza abafundi ithuba lokuyifunda futhi incwadi, ngababili noma ngamunye.
- Gxila ekufundeni ngokugeleza, ekusetshenzisweni kolimi nasemagameni amasha.
- Abafundi mabaqedele imisebenzi yeqembu eholwayo etholakala ngemuva kwale ncwadi. (Khetha imisebenzi efanele izinga labafundi.)



*Abafundi mabadlale balingise okwenzeka endabeni uma umbhalo uvumelana nalokho.*



*Abafundi kumele benze imisebenzi yokufunda ngamaqembu ngemva kokufunda. Abafundi mabasebenze ngamaqembu ukuqedela imisebenzi efanele etholakala ngemuva kule ncwadi. Imisebenzi ebhalwayo kumele yenzelwe ezincwadini zokubhalela, hhayi kule ncwadi.*

Kulo nyaka imvula ayizange ine, kanti nezitshalo zimane zoma.

Abalimi babheka isibhakabhaka benethemba lokuthi lingahle line, kodwa lutho, ngisho nefu leli.

Impungushe uFreddie owayenepulazi eduze nomfula, wabe enezitshalo ezinhle ziluhlaza cwe! Wayenenqwaba yezithelo nemifino ngoba phela wayedonsa amanzi emfuleni.

Kodwa manje uFreddie impungushe yena wayengafuni ukwabelana nabanye ngamanzi, ngezithelo nangezitshalo zakhe.

Kuthe ngelinye ilanga kushisa kakhulu, uRobbie unogwaja wacathama wangena epulazini lempungushe uFreddie efuna ukudla. Ngokushesha nje, yambona impungushe ecathama.


"Grrrr! Uma nje uke wadla izithelo zami, ngizokubamba ngikudle ngikusobozele!" kuthetha uFreddie impungushe.

Unogwaja onguRobbie wabaleka, yamjaha ngejubane impungushe engumlimi. Wabaleka uRobbie unogwaja wanyamalala!

Wavele waphenduka ithanga elikhulu eliphuzi. "Uma nje ngingamthola lo nogwaja ndini, ngizomudla

njengethanga," kubhodla impungushe, ithukuthele iqhuma. Yalithatha ithanga yalisakaza phansi.

Lathi uma lishaya phansi ithanga, laphenduka uRobby unogwaja. Wasuka ngejubane efuna okunye angakudla.



Impungushe yamjaha unogwaja yambamba ngomsila. "Uyabona manje, ngizokudla ngempela..."

Kodwa ke kuloku, unogwaja usephenduke isigaxa sikamango ohalisayo.

"Hmm! Ake ubheke lo mango nje!" kubabaza impungushe. "Uma nje ngingatshala izihlahla ezimnandi zikamango, ngingawuthengisa ngibe yisigwili," kucabanga impungushe.

"Hmm! Ngizowudla lo mango bese ngitshala inhlamvu yawo. Emva kwalokho ngizoba nesivuno esikhulu sikamango engizowuthengisa."



Kwathi uma uFreddie ezama ukuluma umango, watinyelwa yinyosi esandleni wawudedela umango.

"Ngiyeke wena nyosi ndini!"

Ngaleso sikhathi, umango waphenduka uRobbie unogwaja. Wagxuma, weqa, wabaleka.

UFreddie impungushe wamjaha unogwaja. Wabaleka unogwaja wangena ehlathini. Waphunyula kanjalo unogwaja.

"Ngizokuthola wena Robbie!" kumemeza impungushe ithukuthele. "Yima khona lapho!"



Umlimi wabe esebona unogwaja edla ikhabe futhi.
"Hheyi wena, hlukana namakhabe ami amahle," kumemeza umlimi ejaha unogwaja.
Unogwaja wadla ngokushesha amakhabe amabili ngesikhathi esisodwa!
"Kwaze kwamnandi ukudla kwami kwasemini," kusho unogwaja ekhotha izindebe zomlomo wakhe. "Lokhu yikhona kudla ebengikudinga njengoba ilanga lishisa kanje!"
Kwathi uma uRobbie ebona umlimi, waqala wabaleka.



Umlimi naye waqala wamjaha uRobbie unogwaja. "Uyabona-ke kuloku, ngizokubamba!" kumemeza umlimi, kodwa wabaleka wanyamalala unogwaja.

Kulokhu unogwaja waphenduka isigodo. Ngenkathi impungushe ijaha unogwaja, yavele yakhutshwa yisigodo.

"Eshu!" kukhala, impungushe, "Kufanele ngisibambe lesi silingo sikanogwaja!"

"Mina ngiyimpungushe ehlakaniphile, ngeke ngidlale isilima esingunogwaja!" washo ezithintitha uthuli.

Umlimi waqukula isigodo ngokukhulu ukucasuka wasisakaza phansi.

Kwathi uma sishayeka phansi isigodo, saphenduka saba nguRobbie unogwaja; waqhasha wabalekela ngasemfuleni.

"Uyabona manje, ngizombamba ngempela ngoba phela onogwaja abakwazi ukubhukuda," kucabanga umlimi ecasukile.

"Sizani bo!" kumemeza unogwaja ethukile.

Kwathi nje sekuseduze ukuba umlimi ambambe unogwaja, wakhutshwa yitshe elimnyama.

"A-a!" kumemeza umlimi.

Walicosha itshe walijikijela kude, landiza njengenyoni emnyama laze layowelela ngaphesheya komfula.

Lathi uma liwela phansi....

Laphenduka uRobbie unogwaja. Wagxumagxuma unogwaja ukujabula.

Waze wangiweza phela ngaphesheya komfula!" kucula unogwaja ejabulile futhi edansa. Wasuka wabaleka.

UFreddie impungushe wambheka unogwaja ebaleka. Wacabanga ukuthi angazivimba kanjani izakhamuzi zasendaweni ukuba zingazidli izitshalo zakhe.

Ngosuku olulandelayo, uFreddie impungushe walithola icebo. Waqala wasiza izakhamuzi zasendaweni ukuba zikwazi ukuzisiza. Emva kwaloku, bakwazi ukuzidonsela amanzi afinyelela emapulazini abo.




# Izinganekwane





Izinganekwane yizindaba ezixoxwa yizizukulwane zizidlulisele kwezinye ezilandelayo. Lezi zinganekwane zinezifundo kanti ziyajabulisa noma zifundwa. Ezinganekwaneni eziningi sitholana nezilwane ezikhulumayo. Ngabe ogogo nomkhulu bakho bayakuxoxela yini izindaba ezinesifundo?


## Wazi ziphi izinganekwane kulezi ezilandelayo?









# Umsebenzi wokufunda ngamaqembu



1

Bheka izithombe.



- Tshela umngani wakho ukuthi kwenzekani esithombeni ngasinye.
- Tshela umngani wakho ukuthi yisiphi isithombe okumele kube ngesokuqala, esesibili, esesithathu kanye nesesine.
- Phinda uyixoxele umngani wakho le ndaba usebenzisa izithombe.





2

Bheka amagama kanye nezithombe. Yisho ukuthi yiliphi igama elihambisana nesithombe. Bhala wonke la magama encwadini yakho yokubhalela.

| ikati | ihhashi | isisu | ikhala | inja | umdlwane |
| --- | --- | --- | --- | --- | --- |
|  |  |  |  |  |  |



3 Yiliphi igama olaziyo elinencazelo efana neyalawa alandelayo:

| | | |
|---|---|---|
| inja | isitulo | ikhala |
| isicabha | ikati | ibhuku |



4 Xoxa nomngani wakho ngale ndaba.

- Ngobani abalingiswa abaqavile kule ndaba?
- Chaza abalingiswa abaqavile.
- Yiziphi izinto ezehlukahlukene azishintshela kuzo uRobbie unogwaja ukuzisindisa empungusheni uFreddy?
- Yini aphenduka waba yiyo ekugcineni uRobbie unogwaja? Kwamsiza kanjani lokhu?
- Sashintsha kanjani isimilo sikaFreddie impungushe?
- Kwenzekani ekuqaleni kwendaba?
- Kwenzekani maphakathi nendaba?
- Kwenzekani ekugcineni kwendaba?





5 Yenza sengathi unguRobbie unogwaja.
Bhala kudayari uchaze usuku lwakho usepulazini likaFreddie impungushe.

Usuku lwesonto ______________ Usuku lwenyanga ______________

______________________________________________

______________________________________________

______________________________________________

______________________________________________

______________________________________________

______________________________________________



6 Kopisha umusho encwadini obonisa ukudinwa komlimi.
Dweba isithombe ukubonisa lokhu.



7 URobbie unogwaja waziguqula waba yizinto ezahlukahlukene.
Yiziphi lezo zinto? Cabanga ngenye into angabe eziguqulile waba yiyo. Bhala indaba engaba yimisho eyisithupha.

# Izinga loku-1 Incwadi yoku-1

| | |
|---|---|
| Isihloko: | Unogwaja uqinela impungushe |
| Ulimi: | IsiZulu |
| Izinga: | Ibanga lesi-3 Incwadi Yokufunda Ulimi Lwasekhaya Izinga loku-1 Incwadi yoku-1 |
| Uhlobo lombhalo: | Indaba |
| Amagama ajwayelekile: | impungushe, unogwaja, phenduka, umlimi, umfula, izithelo, ngoba, imifino, amanzi, kumemeza |
| Ulwazimagama: | cwe, izitshalo, isigaxa, ithanga, kuphuzi, yalisakaza, yamjaha, ukusobozela, ukucathama, kubhodla, ohalisayo, ashu! |
| Imisindo: | mth, mj, mb, mn, nhl, ngw, gw, ml, hh, tshw |
| Okuqukethwe, imiqondo namakhono: | ▪ Uxoxa ngezithombe.<br>▪ Ulandelanisa izithombe.<br>▪ Uphinda axoxe indaba esebenzisa izithombe.<br>▪ Uthola amagama anezincazelo ezimbili lilinye.<br>▪ Uthola amagama amabili asho into eyodwa.<br>▪ Uphendula imibuzo ebhekiswe endabeni.<br>▪ Ulandelanisa izehlakalo.<br>▪ Ubhala kudayari.<br>▪ Ukopisha umusho adwebe isithombe esihambisana nawo.<br>▪ Ubhala isigaba. |

ICAPS ifuna ukuba othisha babeke eceleni isikhathi nsuku zonke sokubhekana nokufunda kweqembu okuholwayo. Ukufunda kweqembu okuholwayo kudinga abafundi asebesezingeni elifanayo lokwazi ukufunda umbhalo ofanayo emaqenjini, beholwa nguthisha.

Ekufundeni ngamaqembu okuholwayo, othisha bahola abafundi abasezingeni elifanayo lokufunda ekufundeni incwadi efanayo beseqenjini.

Isikhathi sokufunda kumele simbandakanye izinhlobo zamasu ehlukahlukene zokufunda nokuqondisisa okudingwa abafundi uma befunda.

Isu lokufunda ngempumelelo lidinga futhi ukuxoxisana ngombhalo phakathi kukathisha nabafundi, naphakathi kwabafundi emaqenjini.

Lezi zincwadi zinemisebenzi yokuqondisisa kanye neminyaka ehambelana nokufunda ngokuqondisisa ukusiza othisha ukuze bakwazi ukuhola ukufunda ngamaqembu emakilasini.

ISBN 978-1-4315-2543-0
9 781431 525430

Rainbow WORKBOOKS

ISBN 978-1-4315-2543-0

**THIS BOOK MAY NOT BE SOLD.**

basic education
Department:
Basic Education
**REPUBLIC OF SOUTH AFRICA**

Published by the Department of Basic Education
222 Struben Street, Pretoria
South Africa

© Department of Basic Education
First edition 2016

The Department of Basic Education has made every effort to trace copyright holders but if any have been inadvertently overlooked, the Department will be pleased to make the necessary arrangements at the first opportunity.

## Ezinye izincwadi eShalofini Lezincwadi zeBanga lesi-3 zoLimi Lwasekhaya.

### Izinga loku-1

- Unogwaja uqinela impungushe
- Isigameko sasolwandle
- Kumnandi ekhishini
- Idayari yabantwana abakhonondayo

### Izinga lesi-2

- Zeqa-ke izilwane
- UThandi unosuku olubi
- Impelasonto ekhumbulekayo

### Izinga lesi-3

- Kunenunu ekhabetheni lami
- Kulahleke amakhekhe asankomishi
- Kuyamangaza yize kuyiqiniso